**SBS Collection: Tape 10, A229**
**SiSwati Typescript: Bongani Mkhatshwa, notebook 2**
**Ndwandwa**

**Typescribed by:** Nokuthula Vilakati for FHYA

**Date:** 17 May 2023

**Key to typescriber's conventions:**

- Where the typescriber edits/amends the original text, the edited/amended text appears in grey.
- The audio-tape counter numbers from the original text appear in square brackets, justified Left, and pertain to the text below them.
- The page numbers of the original text appear in square brackets, justified Right, and pertain to the text below them.
- The footnotes which appear on the left-facing page of the original text have been added at the bottom of each typed page. The numbering of the original notes has been retained.
- Where the typescriber is unsure of a word, the word is placed within square brackets and a question mark. [word?]
- Where word/s are illegible, the illegible word is replaced with square brackets and a question mark. [?]
- Where the typescriber has added a note, the note appears in grey as an endnote in square brackets.

| | |
|---|---|
| **INTERVIEWED AT**: | SBS, Mbabane |
| **DATE:** | N/D |
| **[1] INFORMANT:** | Bongani Mnguni (BM) |
| [2] **INTERVIEWER:** | Dumisa Dlamini (DD) |

[DD] Ndwandwa, ungiqhazele kahle lapha kulobukhosi

Lobukhosi lobu lesesitsi batsi ngesiZulu

baka Zwide.

[B.M] enhhe.

[D.D] babuvele bukhona kwamandvulo?

[B.M] Buvele bukhona kwa --- baNkulunkulu loba

bakithi; lobakithi wena Dlamini, abusibo bo-

kwethekelwa; abusibo bokuthi nje ubukhosana

kuthi sabuthatha ngeyikhali yini, bemvelo

kaNkulunkulu. Fakazi waloko Dlamini, kusho

ukuchitha uselwa bes'uyabona ukuthi
ubukhosi bukaNkulunkulu. Ithi nayikhula ke
leMambana ke manje, sambekile lo kuthi
uyolamla labake yena, sebayabekwa ke
lamakhosana abamathathu. Sowuyashonake
uyise. Lapha nje sebabonga khona uSoshangane
bathi: "uSoshangane ngeku Shakazis' imizi
yamadoda, iqhawe eliphume ngenhla
kwemuzi noyise uLanga lingaka mbikeli
basho ngaloko. Sowu, uyise umakhela
umuzi, uqambigama uthi kukwaMandlakazi

[D.D] Wakhelwa ngubani?

[B.M] Wakhelwa nguyis' uLanga asaphila, uqa
mbigama lawo ukuthi kuKwaMandlakazi
NgiwaKwaMandlakazi nje mina, thine nje
sibaKwaMandlakazi.

[D.D] Kutsi angibone lendzawo yalaphayana—

[B.M] Uyazi KwaMandlakazi?

[D.D] Kuts'angiyibone lendzawo ngayibona
ngemgidvo, nasiyawugidzis' umntfanenkhosi
leKaZulu.

[B.M] Abanokubonisa kahle

[D.D] Kwatsiwa kuKaMandlakazi.

[B.M] Yes. Abanokubonisa kahle.

[D.D] Kukhonake futsi lenyindzawo, ngobe
kungatsi loluLusutfu, kutsiwa kukhona be,
uSuthu.

[B.M] enhhe.

[D.D] bese kukhona baKaMandlakazi.

[B.M] Mine nje, thine nje sibaKwaMandlakazi
Kwaqanjwumuzi waka kabo Zwide nje
kuseMthonjaneni. Awuzwa yini lapho

sebabonga khon'uDingane bathi "inkomekhale
eMthonjaneni izizwe zonke ziyizwilukulila,
izwiwe uDunguza waso Yengweni
yazwiwa nguMagqengezi waka Khaya
basho ngaloko ngoba bona baseMthonjaneni,
mina nje ngiwaKaMandlakazi. EMandlakazi
kusho [amandla[i]] amakhulu. Lakwakuhlala khona
Ligule; Ligule lalihlala kwabo Soshangane.
Lonke libutho lalihlala kaboSoshangane.
Uyabona laba naba boSiganda?
[D.D] e.e.
[B.M] enhhe baMkhatshwa laba, ngibo baba
phethe Ligula nalamhla naloku, ngobubabone
nje baphethe naLigula, lakithekhaya;
Siliphathele uZwide koYanga. Lalingahlali
kumntukazane leligule. Lalihlala kithi thina
banikazi bendlu. Akuthi nayizawugeza,
Izawuchith'uselwa inkosi, aphum'uSoshangane
aphume naMkhatshwa bahambe bagezinkosi
bagezu Zwide koYanga.
[D.D] LoZwide unguyise wabo lo, noma?
[B.M] LoZwide nguyena nkhosi yethu, emva
kokuba kufuLanga kwabesekuthatha uZwide
KoYanga, sebanguye othatha ubukhosi.
[D.D] LoSoshangane utalwa ngubani kani?
[B.M] Soshangane uzalwa nguYanga phela,
ngumfowabo, yinkosana yakubo yekhohlwa
[D.D] Wo--. nembala.
[B.M] enhhe.
[D.D] aka --kwakute kutsi batambulala noma
kwakwentanjani?
[B.M] e-e bangambulalelani?

[D.D] ngoba bukhosi babuhlonishwa kuleto tikhatsi

[B.M] enhhe, kwakuhlonishwa. Umfowabo nje wayemhlonipha angumfowabo, futhi wayemhlo nipha, futhi ngoba nomfuwabo kwakungamni ki kahle s'gigaba kuthi _ _ _ , ingani besafuna kukuchazela kahle ngalomuzi lokuthiwa lomuzi nje kuthiwa, ---kuze kuthiwe kuKwa Mandlakazi nje, kuthiwa kuKwaMandlakazi. Sowakha lomuzi lokuthiwa kuKaMandlakazi Kuthiwa "iqhawe eliphume ngenhla kwemuzi, neyise lingakambikeli nje," basho ngoba wayehlasela uyise asekhona angambikeli ngisho uyise kuthi usayohlasela.

[D.D] Aphum'ayohlasela angakabiki kuyise

[B.M] e,e, angambikeli, ingani bathi "iqhawe eliphume ngenhla noyise uLanga linga kambikeli," angabiki nokuthi useyohlasela, kusho bona naba, naba boSiganda, kube ngibo lababese basho amahlebezi bathi "ubani bani uthe kuZwide, ubanibani uthi kuZwide." Noma kubulawa baKaMajozi nje bathi baKaMajozi sebamthukil' umfowenu uZwide nje? Uth'uSoshangane "Hawu bamethukile?" uthi "ehena sebamethukile." Uthi "awu nkosi yami wemadoda! Kwenzenjani ngivelelwa yini? "Uthi "saye savelelwa umfowenu seba methukile." Bamficekhaya bayabuta kuZwide, bathi "Zwide sebamethukile baKaMathonsi." uthi bathini mfowethu? Uthi bathi "awu wena ungekulibuse. Basho njal'impela." Uthukuthela uthelwa ngamanzi uZwide, akathukutheli kwalutho, uthembe nayi encane yakubo.

[D.D] yebo ke.

[B.M] Ulwelwa ngulelencane.

[D.D] yebo. ke.

[B.M] Empeleni liqiniso lithi wayelwelwa ngulolo mncane; nguye bekalwela loZwide. Nelibutho lalizwa nangu lomncane.

[D.D] e

[B.M] Ziyasukelana ke. Bayisukel'inkosi yaKaMajozi bafike bayayibulala. Bathi nasebazawuthebula manje, safile manje, safile manje uYaka Sowuyabekwake uZwide. Uthi nakabekwake uZwide ke manje, sebasukelake naba baKaMthethwa. Angazi noma yibo laba yini, kepha mina ngibona kuthi yibo, nababo-bo Velaphi.

[D.D] Laba baKaMtsetfwa phela babevele babu khosi babo, bale banelive labo, nabo babe bukhosi ngekwabo.

[B.M] enhhe. Soyamsukelake. Namsukelake---

[D.D] Nasikhumbula kahle nj'umlandvo, nasifunda e… ngaboSenzangakhona,

[B.M] enhhe.

[D.D] Senzangakhona, noko kubaleka unina waShaka nako abaleka azayawutilahla KaMtsetfwa.

[B.M] enhhe.

[D.D] qhubeka ngilalele

[B.M] Manjeke, sebamlumbake, angazi nomu yazi yini nayinyoni lethi "tsho! tsho; tshi tsherrr….tsho! tsho, tsho! tsherr ….

[D.D] Kutsiwa nyonini leyo?

[B.M] Bathi ujekwa

[D.D] E-e Mntfanemnguni, lenyoni wena lokhu

luma ngayo, nangabe ngiyiva kahle ngalo

kukhala kwayo, kodvwa utsi ikhala itsini?

[B.M] tshe! tshe! tshe! tsherr _ _ _ _ _ tsherr

[D.D] ayikhona, kulelalakitsi eLubonjeni, lenyoni

siyibita ngekutsi santjintji

[B.M] e-e

[D.D] Kodvwa ke mntfaneMguni bengingakeva kahle bewusangitekela

lapha, lapha ngifuna kuvisisa kahle; buhlobo

emkhatsini waZwide nalababaKaMtsetfwa

bume njani?

[B.M] Cha buhlobo bakhona, namangibazi kuthi

bahlobane kanjani, kepha ke wathi, naseyisho

njalo lenyoni, wathi Dingiswayo “Uyangibiza

umhlobo wamiZwide, uyangibiza,” waphuma

nje wayakhona.

[D.D] Um

[B.M] Safikile le, wabe sebayambulala.

[D.D] Ubulawa nguye Zwide?

[B.M] Ubulawa nguye Zwide, sowubulala lo.

Sowuyabuza kuShaka uthi “Hhawu hhe ngubani

nguZwide koYanga lowo? Hambani niyomtshe

la kuthi ngizwile.” Usho kufe lo Dingiswayo.

[D.D] e- utsi “ngimvile?”

[B.M] e uthi “ngizwile.” Enhhe, chake ---

[D.D] ake, ungakedluli la, lamalumbo lapha

abesetjentiswa yini lamalumbo ekulumb’umu

ntfu?

[B.M] Kwakuyinto yakhona. Kwakuyinto yakhona.

Kwakuyinto yakhona, sizowufika lapho

yeDlamini, ngizokubonisa kuthi izinto

kuya ngokwazi komuntu kuthi lo wazi

kokuthi, lo wazi kokuthi, akakwazi

konkhe umuntu, akusilo iqiniso lelo. Kwakuzi
nto zakhona.

[D.D] Ngilalele.

[B.M] enhhe. Manjeke nakoke, okunye asino
ngena kulokunye.

[D.D] ake sibuyele lapha nambulala atsi Shaka.
“ngivile.”

[B.M] e- wathi ngizwile.

[D.D] Uyakhumbula kutsi Shaka ukhulisiwe ngu
Dingiswayo?

[B.M] enhhe, angifuni nje

[D.D] Shaka akhulisiwe nguDingiswayo nje umtsatsa
njengeyise

[B.M] Angifuni nje, angi, angikwazi nje kwakho
na, ngoba angisiwe wakhona.

[D.D] Asingayingeni kakhulu leyo, asichubeke
kule

[B.M] Ya ---angifuni ukungena entweni engingayazi,
ngifuna ukungena kunakwakithi engikwaziyo

[D.D] Ngiyeva mntfanemnguni.

[B.M] enhhe. Manjeke, kuthi kube kanjalo ke,
athi “wo sengizwile” nako konke, ngomthetho
nasebayilanda kahle, bathi uZwide koLanga
wabiza lomfowabo. Uthi lomlando bebahlala bafu
lathelana yeDlamini.

[D.D] um um

[B.M] e-e- babahlala bafulathelana uZwide Ko
Yanga bahlale bafulathelana naSoshangane.
Uthi; “WeSoshangane,”uthi: “Wena wako-
mkhulu,” uthi umzwile yini.

[B.D] Lomuny’ubhekele, lomuny’ubhekele?

[B.M] e-e, lomuny’ uma ngaphakathi kwesibaya,

lomuny'uma ngaphandle. Sebahlala bafulathe

lana, usho njalo lomlando. Asazi kwabanye,

abayikhokhe lapha [bangayikhokha[ii]] khona,

kepha, ngikuxoxela mine, ngangixoxelwa

bantwabaSomaphunga, kaMgojana kaSoma

phunga, bengihlala nabo eJozi eJibhi

[[i] mistake made in the original transcript with the spelling of the word is corrected]
[[ii] mistake made in the original transcript with the spelling of the word is corrected]